Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO:**

1.Fundisisa kahle yonke imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A-Imibuzo EMITHATHU, Isiqephu B-Imibuzo EMIBILI (Umbuzo 6 no-7).

3. Leli phepha **LINEZIQEPHU EZIMBILI:**

**ISIQEPHU A: IZINKONDLO** **(30)**

**Izinkondlo ezimiselwe**

| | | | |
|---|---|---|---|
| **Umbuzo 1:** | Ize Ikuphuzise Amanzi | (Umbuzo omude) | **(10)** |
| **Umbuzo 2:** | Kuyoze Kube Nini? | (Umbuzo omfushane) | **(10)** |
| **Umbuzo 3:** | Ngijulise Nkosi | (Umbuzo omfushane) | **(10)** |
| **Umbuzo 4:** | Udondolo | (Umbuzo omfushane) | **(10)** |

Khetha noma imiphi imibuzo **EMIBILI** kwengenhla.

**KANYE ne-**
**nkondlo engamiselwe (uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo)**

| | | | |
|---|---|---|---|
| **Umbuzo 5:** | Lawo Maketango | (Umbuzo omfushane) | **(10)** |

**ISIQEPHU B: INOVELI (ZIHLANGENE PHEZULU).** **50**

| | | |
|---|---|---|
| **Umbuzo 6** | Umbuzo omude | **(25)** |
| **Umbuzo 7** | Umbuzo omfushane | **(25)** |

Phendula **YOMIBILI** imibuzo engenhla.
- ❖ Umbuzo omude ezinkondlweni mawuphendulwe ngamagama angama-140 kuya kwayi-190.
- ❖ Umbuzo omude enovelini mawuphendulwe ngamagama angama-290 kuya kwangama-340 ubude.
- ❖ Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi abathemelezi, kodwa baphendula okubuziwe.

Stanmorephysics.com

4. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

5. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

6. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

7. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo **EMIBILI** kulena emine ebuziwe elandelayo.

### UMBUZO 1: UMBUZO OMUDE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

**Ize Ikuphuzise Amanzi**

1. Lixila uhlaleleni lapha,
2. Ngabe ulindeleni kulo mthombo?
3. Ngihleze ngikubona njalo
4. Uza ukhaphuzela umagange,
5. Uphethe ubhoko nomshiza,
6. Inkonyane ikhotha amaqakala,
7. Izindondo zikhala ubuwehlewehle,
8. Ubusenga budla umunyu.

9. Ungowakwabani, usuke uphumaphi?
10. Sengizwile ukuthi ungowakwaMfundi,
11. Ulapha nje uzofuna leli tshitshi
12. Eselimise amasoka amanyala;
13. Izindumbazana zezinsizwa mbuzana
14. Lizishiya ziyobayoba ezidindini,
15. Lijokole lishaye utshani,
16. Lihlaba umakhweyana ngobugagu.

17. Ngakwelamela kabi ngaleliya langa,
18. Umumise mbonjane uNomfundo,
19. Ukhulumela ezinhlamvini zamehlo,
20. Ubuye umbhodoloshe usunyukubele,
21. Waze wadlubulundela ephetha,
22. Wakubhibiza walal’amankeyana;
23. Awudikibalanga nokho wena
24. Nakuba eshade nesele.

25. Ngangithi ngeke usabuya,
26. Ngiyamangala uma usulapha.
27. Kuyize ukusuka kude,
28. Ulibhaduza ngaye uCetshwayo,
29. Unqamula izinkalo nemifudlana;
30. Ungaphethe namphako nalukhothi,

Downloaded from Stanmorephysics.com


31. Nalugume nahlelenjwayo, nasigwamba,
32. Wena nsizwa kawulambi.
33. Kuthi noma ekuchitha
34. Enqaba ema ngentaba,
35. Ekubhibiza, ekumukula ezihlathini,
36. Kulokhu uthola umdlandla
37. Nokuqala phansi ngokukhuthala
38. Uzithathe ushone khona.
39. Naye usekwazi ungakakhulumi
40. Ukuthi uzocelani, uzofunani.

41. Nakuso nje lesi sigodi
42. Usuwaziwa njengaso isishimane,
43. Usubonwa wenziwe ihlaya,
44. Basho bakutshele mazinyo:
45. Indlu yegagu iyanetha.
46. Naleli tshitshi lifunga liyagomela,
47. Lithi alisoze laqoma,
48. Alisoze lakhehlwa lagana.

49. Ungubani-ke wena mfowethu?
50. Ubala ukuhloba ngezimbadada
51. Ulengise ubuhlalu nojiza,
52. Ezindlebeni ulengise iziqhaza.
53. Ngabe siyakududuza yini
54. Lesiya sidwejana owasidabula ebhayini
55. Lakhe uNomfundo na?
56. Ucukazi lwakhe walubona?

57. Bayaguqa bakukhomba ngeminwe,
58. Bakuhleka befulathele bensinsitheka,
59. Bathi ngeke ikukhombe,
60. Uzakhela amabhange enhliziyweni,
61. Amaqhikiza akhe ayakuthanda,
62. Lobo buhlalu ovunule ngabo
63. UNompumelelo sewake wabucumbaza,

Downloaded from Stanmorephysics.com


64. Wathembisa ukunyezisa ngobakhe.
65. Bathi abanye bejokola
66. Wena unikele khona.
67. Bekhohlisana behlangene beyizixuku,
68. Ube yinkomo edla yodwa.
69. Bakholwe ungesathunywa ugwayi
70. Sabuya neboza.
71. Bahlangene phezulu, kanti
72. Behlukene phansi bangamahele.

73. Ukwehluleka kukunika ukusebenza,
74. Ukubhuqwa nokuhlekwa ukubekezela.
75. Naziya eziza ngapheshеya
76. Izintokazi, zephula uhleko;
77. Nanguya uNomfundo emsileni.
78. UNompumelelo uzokugaxa ucu;
79. Wadla! Uphumelele namhlanje.

80. Giya uqephuze mfana;
81. Ngadla mina kababa!
82. Ngadla mina mfo kaBekezela!
83. Majonga isilonda okwempukane,
84. Ngahlabana mina kaKhuthala!
85. Ngayinqoba ngayiqhobozela;
86. Yangicocisa yangiphuzisa amandambi;
87. Ngadla! Ngadla! Ngadla!

*M.D. Buthelezi*

Omunye wemiyalezo etholakala kule nkondlo yilowo othi, **indlela eya empumelelweni iqala ebunzimeni.**

Xoxa ngekhono le mbongi ekusebenziseni **umqondo osobala nocashile**, **indikimba** kanye **nemifanekisomqondo** ukwethula lo myalezo.

Impendulo yakho ayibe yi-eseyi ehleleke kahle ibe ubude obungamagama ayi-140 kuya kwayi-190. **(10)**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 2

Fundisisa le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo.

**Kuyoze Kube Nini?**

1. Kuthiwa asiphume ngothi lwethu,
2. Siqond'emithonjeni yaKwaNomfundo,
3. Nangempela senze njengemiyalelo,
4. Sivule izingqondo ezivundile
5. Abahlwanyeli bahlwanyele
6. Sinisele okusagqunywe isibeletho somhlabathi,
7. Kuqhume kuthi vembu ngempilokazi,
8. Kubika lona ikusasa eliqhakazile,
9. Njengezimbali ezinhle zeminsinsi eqhakazile.

10. Yithi labaya sidla umhlanganiso,
11. Siwudle kukikize omame,
12. Siwudle kuhhomuzele amadoda,
13. Achobozele njengomakoti ezogana,
14. Ahline ngezinhlungu esingazazi.

15. Singene kwamakhulu amabhilidi,
16. Sifakwa ukuqhakaza kwezingqondo zethu,
17. Singene sichwashazele ngezinemicondo,
18. Ezingqondweni sikhaliphe njengameva,
19. Sifice kukhona zona izinkunzi zakhona,
20. Zisibuke ziconse amathe angapheli,
21. Ngamehlo zisithi njo zingacwayizi,
22. Zisibuka njengamabhubesi adlal'indlala,
23. Zithi kithi impela sifanelwe
24. Ukuhlomula ngamathuba okuqasheka,
25. Singene kwezenkece engabaleki,
26. Kodwa sifanelwe ukuqala kuzo,
27. Ngoba sifanelwe yizona kuqala.

*T. Qwabe*

2.1 Tomula imvumelwano etholakala emgqeni wesi-7 nowesi-8 bese usho uhlobo lwayo. (2)

2.2 Phawula ngokusetshenziswa kwefanamsindo emgqeni wesi-5. (3)

2.3 Qhathanisa umoya otholakala emgqeni we-10 nowe-11 nalowo osemgqeni we-12 kuya kowe-14. (3)

2.4 Humusha umqondo oqukethwe umugqa wama-26 nowama-27. (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**NOMA**

**UMBUZO 3**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ngijulise Nkosi**

1. Uyimpica-badala yebuya siziba!
2. Kuya ngokuya okwakh'ukujula,
3. Kuya ngokuya okwakh'ukudepha;
4. Uth'uyothubeleza phansi emathunjini'omhlaba
5. Ub'usuphendul'umzizima wezulu wayisicoco.
6. Sekuphuthazana uhlaza nohlaza:
7. Uyadela, Siziba, ngokudeph'okujulile.

8. Ngiyakwesab'ukuzotha kwakho Nzothela;
9. Ukuzoth'okwehlul'impi yamazimu,
10. IKhephuzelis'unwele lwakho kuphela,
11. Wena wabon'isihluthu setshitshi lomlungu,
12. Engilibone libhushuzela liza kuwe,
13. Lithi ligone ulifihlel'abakwaLanga.
14. Sizib'uyadela ngokuzoth'okujulile.

15. Kwesakh'isibaya kuyeqana kuyaphithizela,
16. Okungenamilenze nandleb'okungenampondo;
17. Okupheshezay'okupulukutshekayo.
18. Ziyin'izinkulungwane zemihlambi yakwaMhlaba,
19. Kulezo zigidigidi zawochibidolo bakho Manzi
20. Ongasho ngaz'ukuthi: "Zulu, ngibukeni!"?
21. Uyadela, Siziba, ngokufuyel' ekujuleni.

22. Izindwendwe zamabutho akwaManzini,
23. Ziphulukundlela ngemihosha nemihoshana
24. Zizoviva kucengece wesigcawu sakho, Manzi;
25. Phinde kodwa wen'ukuqhosha, phind'ukukhukhumala.

Downloaded from Stanmorephysics.com


26. Izindedama zakwaMhlaba nxa zibik'indlala,
27. Uzondl'uziphuzis'amanzi ngomnyelela;
28. Nxa seziyobonga KwaZulu kawukhwelezi.

29. Ngijulise nami, nkosi:
30. Nkinsel'ezishay'impabanga.

*C.S.Z. Ntuli*

3.1 Tomula ukuxhumana okutholakala ebinzeni lesi-4 bese usho nohlobo lwako. (2)

3.2 Phawula ngokukhethwa kwamagama okutholakala emgqeni wama-22 kuya kowama-24 ukuthi kuyithinta kanjani indikimba yale nkondlo. (3)

3.3 Ncoma ikhono lembongi lokusebenzisa impindwa ukusethulela umqondo wenkondlo. (3)

3.4 Xoxa ngokusetshenziswa kwesizura emgqeni wama-25 ukuthi kuwuthinta kanjani umoya wenkondlo. (2)

**NOMA**

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 4**

Fundisisa le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo

**Udondolo**

1. Uyasha umlilo ngapha nangapha
2. Liyasha iqubula kodwa
3. Ubukeka upholile nje uzothile
4. Siyamangala wena wenza ngani?
5. Thina sikhaliswa ikhoza nje
6. Sikhale simayeze sibalise.

7. Siyalubona udondolo lwakho
8. Luyakhazimula ubhula ngalo
9. Konke okuma endleleni yakho.

10. Yilo lolu dondolo ocisha ngalo yonke imicibisholo
11. Yilo lolu dondolo osula ngalo izinyembezi
12. Likhona leli dwala ocashe kulo
13. Uwuzwa ngendaba ukuthi kade
14. Usha ubuhanguhangu.

**B.P. Dlamini**

4.1 Ngakube uhlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)
4.2 Chaza ukuthi isigqi siwuthinta kanjani umoya wale nkondlo. (3)
4.3 Phawula ngemifanekisomqondo etholakala emgqeni wesi-7 kuya kowesi-9 ukuthi iyithinta kanjani ithoni yenkondlo. (3)
4.4 Xoxa ngokusetshenziswa kwe-enjambamenti emgqeni we-13 nowe-14. (2)

**[10]**

**KANYE NO-**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**MBUZO 5: UMBUZO OMFUSHANE**

INKONDLO ENGAMISELWE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Lawo Maketango**

1. Mgqabuli wamaketango
2. Wen'ovula kungavali muntu
3. Wen'owavela kuqala
4. Wen'okhona, oyobakhona
5. Wen'osho kanye kwenzeke
6. Wen'osho kanye
7. Kubhodloke amadwala
8. Kunqamuk'imifula.

9. Besiyosind'ukuba besinolwazi
10. Besiyophepha ukuba besikwazi
11. Ukunamathela kulo mngani
12. Osho kanye kwenzeke izinto
13. Uthembekile uyadleka
14. Ubuka isidalwa esingumuntu
15. Ngeso elinzonzo elijulile.




*PB Dlamini*

5.1 Ubani lo okukhulunywa ngaye kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)

5.2 Shono okungenani OKUBILI ahluke ngakho lo muntu okukhulunywa ngaye kwabanye abantu. (2)

5.3 Phawula ngendikimba yale nkondlo. (2)

5.4 Xoxa ngekhono lembongi lokusebenzisa isigqi ukusethulela umoya wale nkondlo. (2)

5.5 Hlaziya umyalezo oqukethwe umugqa wesi-9 kuya kowe-12. (2)

**[10]**

**.AMAMAKI ESIQEPHU A: [30]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU B: INOVELI**

Phendula YONKE imibuzo.

**UMBUZO 6: UMBUZO OMUDE**

**ZIHLANGENE PHEZULU**

Indikimba yokungathembeki ibukeka ingenye yezigqamile enovelini esihloko sithi 'Zihlangene Phezulu'.

Fakazela le ndikimba ubhekise esimweni sokukhuluma esithi **'ungabomethemba umuntu ubothemba itshe.'**

Bhekisa impendulo yakho kubo bonke abalingiswa abathintekayo.

Impendulo yakho mayibe yi-eseyi ehleleke kahle ngokwezigaba ze-eseyi ibe ubude obungamagama angama-290 kuya kwangama-340. (25)

**KANYE NO-**

**MBUZO 7: UMBUZO OMUDE**

**ZIHLANGENE PHEZULU**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

| **ISAHLUKO 14 (112-113)** |
| --- |
| UMaThabethe waguqa ngamadolo ebamba indodakazi yakhe elokhu ezama ukuyikhulumisa kepha kwathi nxa ephakamisa amehlo wahlangabezwa yizingqulunga zamehlo kaLetheni emgqolozele ezinhlamvini zamehlo engasacwayizi.<br><br>Wabonakala etheleka phansi uLetheni equleka. Kwaphuthunywa kuyena ngoba kungaziwa ukuthi yini lena eyenze waqumbeka phansi. Ngenhlanhla kwafika ama-ambulensi amabili elandelana.<br><br>Abahlengikazi bosizo lokuqala baphuthuma kuLetheni noThembekile abanye baqonda kuSpikes naye owayeseqala ukubitoza ngenxa yokuthengiswa uLetheni. |

Downloaded from Stanmorephysics.com


Bamzama masishane uLetheni washesha ukuphaphama. Wathi ukuthola nomoya ingqondo nomzimba kwahlaphuka masishane. Amehlo akhe ayelokhu egqolozele uMaThabethe naye engasazi ukuthi intombazane lena ibona isipoki yini. ULetheni wezwakala ebabaza sakumemeza ethi:

"Thuthukani! Thuthukani! Nangu lo mama owabaleka nengane yethu esibhedlela ngimcele angiphathele yona ngisangene endlini encane," kukhomba uLetheni esehlengezela izinyembezi.

"Ngeba ingane yakho mina, musa ukungihlolela wengane!" kuphika uMaThabethe.

"Nguye kanye lona maphoyisa, ngicela ningabe nisamdedela kufanele achaze ukuthi ingane yami wayishonisa kuphi?" kubelesela uLetheni.

UMaThabethe wamane wema isikhomololo okwengcanga ibanjwe oqotsheni idla amaqanda ezinkukhu. Emqondweni wakhe wayesikhumbula kahle leso sigameko. Wayengazi ukuthi **unyawo kalunampumulo,** nakhu selumbeke khona namuhla. UThuthukani wasuka wahlala izithonto kuMaThabethe esho ukumqeda ngesibhakela.

"Iphi ingane yami wena, iphi ingane yami?" esembambe ngesidlozane uMaThabethe. Ubaba uMsimude wazama ukuvikela umkakhe kwatholakala ukuthi uLetheni ingqondo isibuye ngokuphelele uyayazi into akhuluma ngayo. UMaThabethe wabona kungcono agonyuluke iqiniso ngoba usevele usebanjiwe namuhla.

"Nangu-ke umuntu okufanele aboshwe," kukhomba uLetheni. Ngaleso sikhathi uSpikes wabe eseboshwe amanxeba kufanele aphuthunyiswe esibhedlela. Kuthe eseyofakwa e-ambulensini ubaba uMsimude wezwakala ememeza naye ngokwakhe ethi:

"Madoda! Ngumfana wami lona, Madoda uyangizwa? Wabalekelani kodwa ekhaya?" kubuza ubaba uMsimude eseduze kwendodana yakhe. UMaThabethe

Downloaded from Stanmorephysics.com


> wayeswele umgodi wokucasha ngemuva kokuzwa umyeni wakhe ebiza igama likaMadoda. Wezwakala ethi:
>
> "Baba, ngiyaxolisa kakhulu Joyisa, le ngane othi ngeyakho akuyona eyakho, nangu unina wayo," uMaThabethe ekhomba uLetheni. Wawa waphela khona lapho umama kaThembekile.
>
> Kwasuka esinamathambo uSiphesihle ebona ugogo wakhe elele ethe jaaa phansi engasanyakazi. Unina uThembekile wayebheke uSpikes owayesefakwa e-ambulensini ukuthi kanti ubethunjwe ngumfowabo adukelana naye besebancane?
>
> ***Zihlangene Phezulu [Isahluko 14: 112-113]***

7.1 Shono isithakazelo sakwaMsimude. (2)

7.2 Nikeza amagama abantwana baThuthukani. (2)

7.3 Buhlobo buni obukhona phakathi kukaSiphesihle noLetheni? (2)

7.4 Phawula ngesimo senhlalo esitholakala kulesi siqeshana. (2)

7.5 Nikeza izigameko EZIMBILI ezaholela ekunyamalaleni kukaSpikes. (2)

7.6 Phawula ngodweshu olutholakala kulesi siqeshana. (3)

7.7 Xoxa ngobekuhloswe umbhali wale noveli ngokusethulela uMaThabethe, uMsimude, uLetheni, uThembekile noThuthukani besendaweni eyodwa kulesi sahluko. (5)

7.8 Fakazela ubuqiniso besimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile esiqeshaneni esingenhla ubhekise kuLetheni noThembekile. (2)

7.9 Qhathanisa ukuziphatha kukaLetheni esayikhansela nalokho aseyikho esephuma ejele. (2)

7.10 Omunye wemiyalezo etholakala kule noveli uthi, namadoda ayahlukumezeka othandweni kodwa athule. Fakazela lo myalezo ubhekise kuThuthukani noMsimude. (3)

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: [50]**

**AMAMAKI ESEWONKE: [80]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)**

**IZE IKUPHUZISE AMANZI**

**<u>Isingeniso</u>**

**Umqondo osobala** singawuchaza njengalokho okugqamile okushiwo inkondlo, kanti **ocashile** usinikeza lokho okufihlekile okushiwo inkondlo**. Indikimba** yona iwumongo walokho okushiwo inkondlo, bese **imifanekisomqondo** ibhekiswa emagameni akha isithombe esithize engqondweni yofunda inkondlo.

Kulo mbhalo ngizoxoxa ngempumelelo yembongi ekusebenziseni izimpawu engizibale ngenhla ukwethula umyalezo othi, indlela eya empumelelweni iqala ebunzimeni.

**<u>Umzimba</u>**

***Umqondo osobala nocashile***

Umqondo osobala odluliswa yile nkondlo yilowo osethulela insizwa elibele yehla yenyuka yeshela intombi kunzima, abantu beyilahlisa ithemba kepha igcine isiyinqobile.

Umqondo ocashile yilowo osethulela umfundi owehla enyuka ephikelele esikoleni kunzima, ontanga bemlahlisa ithemba, kepha agcine ephumelele wacociswa ngeziqu.

***Indikimba***

Indikimba egqanyiswa umqondo osobala eyothando kanti egqanyiswa ocashile eyemfundo. Le nsizwa ivumela uthando luyidikadike, ibekezele nalapho intombi yala nocu lwayo kepha igcine isiyinqobile. Lo mfundi uvumela ukulangazelela imfundo kumlawule, afunde kunzima nalapho ephenduka inhlekisa kepha agcine ephumelele.

***Imifanekisomqondo***

**Umugqa 22:** *Wakubhibiza walal'amankeyane;*-**Isisho:** Imbongi iqonde ukuthi bekungelula umfundi elwisana nempumelelo yemfundo kepha wabekezela.

**Umugqa 28:** *Ulibhaduza ngaye uCetshwayo,***-Isisho:** Imbongi iqonde ukuthi lomfundi wayengenakho okwenele ukumelekelela ezifundweni zakhe kangangokuba wayehamba ngezinyawo uma eya esikoleni.

**Umugqa 35:** *Ekubhibiza ekumukula ezihlathini*,-**Umfanekisomqondo wokuthintekayo-Imbongi** iqonde ukuthi imfundo yayinzima ngendlela yokuthi lo mfundi wayeke afikelwe ukwahluleka kepha lutho ukunikezela.

**Umugqa 78:** *UNompumelelo uzokugaxa ucu*;-**Isisho:** Imbongi iqonde ukuthi kubo bonke ubunzima adlule kubo lomfundi kepha ugcine efikile empumelelweni.

**Umugqa 81:** *Ngadla mina kababa;*-**Umfanekisomqondo wokunambithekayo**-Imbongi iqonde ukuthi ekugcineni igcine isijabula, isiqhakanjiswa seyihlabene ngempumelelo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


*(Neminye imifanekisomqondo echazwe kahle yamukelekile).*

**Isiphetho**

Imbongi iphumelele kahle ukusebenzisa umqondo osobala nocashile, indikimba, kanye nemifanekisomqondo ukwethula umyalezo othi indlela eya empumelelweni iqala ebunzimeni.

**Inani lamagama: [___]**

**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 2**

**KUYOZE KUBE NINI?**

2.1 **<u>Ku</u>**qhume kuthi vembu ngempilokazi,

**<u>Ku</u>**bika lona ikusasa eliqhakazile, √

-Imvumelwano siqalo. √ (2)

2.2 Kulo mugqa imbongi isebenzise ifanankamisa 'a' kanye nefanangwaqa 'b,hlw, ny,l'. √ Lisetshenziselwe ukuletha umculo osamgqumo omnandi. √ Imbongi iqonde ukuthi othisha babafundisa ukuze babe nolwazi. √ (3)

2.3 Umugqa we-10 nowe-11 uqukethe umoya wokuhalalisa √, kanti umugqa we-12 kuya kowe-14 unomoya wokukhathazeka. √ Imbongi igqamisa ukuthi nakuba abesifazane bekuhalalisela ukubona abesifazane beklonyeliswa ngeziqu, amadoda wona afikelwa amahloni nenkathazeko. √ (3)

2.4 Kule migqa imbongi iqonde ukuthi amadoda angabaqashi ayalela abesifazane ukuba bazimbandakanye nawo ocansini ngaphambi kokuba abaqashe. √√ (2)

**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 3**

**NGIJULISE NKOSI**

3.1 Izindwendwe zamabutho **<u>akwaManzini,</u>**

Ziphulukundlela ngemihosha nemihoshana

Zizoviva kucengece wesigcawu sakho, **<u>Manzi; √</u>**

-Ukuxhumana okweqayo. √ (2)

3.2 Le nkondlo inendikimba yemvelo. √ Amagama akhethiwe agqamisa lokhu ilawa: 'amabutho, imihosha, amanzi'. √ Imbongi ikhethe lamagama ukuqhakambisa

Downloaded from Stanmorephysics.com


ukudepha nobukhulu bolwandle olukwazi ukumukela nokugcina konke okuhlala emanzini. √ (3)

3.3 Imbongi iyisebenzise kahle impindwa ngenhloso yokugcizelela. √ Imbongi igcizelela imfihlo nesimangaliso sokudaleka kolwandle. √ Iveza ukuthi lujule ngokumangalisayo,luzothile, luphinde lube isizinda esigcina silondoloze konke okuhlala emanzini. √ (3)

3.4 Le nkondlo inomoya wokuncoma/wokuhalalisa kanti isizura kulo mugqa isetshenziselwe ukubala. √ Imbongi incoma/ihalalisa okuhle ngolwandle okuthinta ukungachomi nokungaziphakamisi nakuba luyisizinda sokuphila. √ (2)

**[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 4**

**UDONDOLO**

4.1 Isonethi, √ ngoba inemigqa eyi-14. √ (2)

4.2 Isigqi sale nkondlo siyashesha. √ Lokhu kubangelwa umoya wokuncoma/wokuhalalisa. √ Imbongi incoma/ihalalisa ukholo lomuntu obukeka enqoba bonke ubunzima ahlangabezana nabo. √ (3)

4.3 Le nkondlo inethoni yokukholwa. √ Imifanekisomqondo etholakala kule migqa imbandakanya umfanekisomqondo wokubonakalayo (umugqa 7 & 9), nowokuthintekayo (umugqa 8). √ Imbongi iqhakambisa ukukholwa kwayo okwenza inqobe zonke izingqinamba ehlangabezana nazo. √ (3)

4.4 I-enjambamenti kule migqa isetshenziselwa ukugqamisa ukuthi umqondo otholakala emgqeni we-13 uphelela emgqeni we-14. √ Imbongi ichaza ukuthi umuntu okholiwe/okholwayo akanqotshwa ubunzima noma ngabe bungakanani. √ (2)

**[10]**

**KANYE NO-**

**MBUZO 5 [INKONDLO ENGAMISELWE]**

**LAWO MAKETANGO**

5.1 UNkulunkulu √, ngoba nguyena owavela kuqala (umugqa wesi-3). Nezinye izincazelo ezisekelela ngokusenkondlweni). √ (2)

5.2 Uhluke ngokuthi (i) wavela kuqala, √ (ii) ukhona uyobakhona, √ (iii) usho kanye kwenzeke, √ (iv) ungumgqabuli wamaketango, √ (v) uvula kungavali muntu, √ (vi) usho kanye kubhodloke amadwala, kunqamuke imifula, √ (vii) uthembekile uyadleka, √ (viii) ubuka isidalwa esingumuntu ngeso elijulile. Okubili kwalokhu. √ (2)

5.3 Indikimba yezenkolo. √Imbongi iqhakambisa ubukhulu bukaJehova ezimpilweni zethu. √ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.4 Imbongi isebenzise isigqi esisheshayo kule nkondlo esihambisana nomoya wokuncoma/wokuhalalisa. √Imbongi incoma/ihalalisa ubukhulu namandla kaMdali ezimpilweni zethu. √ (2)

5.5 Umyalezo oqukethwe yile migqa owokunxenxa abantu ukuba bazinikele ngokugcwele kuJehova ukuze bezosinda ekubhujisweni. √√ (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: [30]**

**ISIQEPHU B**

**ZIHLANGENE PHEZULU**

**UMBUZO 6 [UMBUZO OMUDE]**

**Isingeniso**

Isimo sokukhuluma 'ungabomethemba umuntu, ubothemba itshe' siyinkulumo eyisixwayiso ebhekiswe kubantu abathi bangadakwa uthando bese bethemba ngokweqile. Sivame ukusetshenziswa uma kuxwayiswa lowo oseke eselithe shi ithemba lakhe komunye. Kulo mbhalo ngizofakazela lesi simo sokukhuluma ngibhekise kubo bonke abalingiswa abathintekayo enovelini.

**Umzimba**

***Nanka amanye amaphuzu umfundi angasekela ngawo:***

1. UThembekile wathemba uThuthukani walala naye eqala ukumbona wagcina esekhulelwa, elaxazwa nesisu, ephikwa.

2. UThuthukani wathemba uLetheni wamjikela wamdelela, wamthuka, wamdivosa, wamshiya ezikweletini.

3. UNobesuthu wathemba udadewabo wamjikela wahubhuza uHubhu kaBhejane wathi umfice elele noThuthukani.

4. UThuthukani wathemba uLetheni, langalimbe wake walethwa indoda ehamba ngemoto emzini wakhe.

5. UMsimude wathemba UMaThabethe wamjikela wamubambisa Ibhantshi.

6. ULetheni wathemba UMaThabethe esibhedlela wamjikela wantshontsha ingane yakhe.

7. ULetheni wathemba uThembekile wamjikela wamshushumbisisa izidakamizwa, wamphoqa emkhombe ngesibhamu namadoda amabili ukuthi adivose uThuthukani.

Downloaded from Stanmorephysics.com


8. UThuthukani wathemba uThembekile eze ethi uthembeke njengegama lakhe kanti akazi ukuthi yisigebengu esidala esithi lala lulaza bazokwengula.

9. UMthavuna wathemba uThembekile wagcina esezithola elele kobandayo efela imali yakhe.

10. OSpikes noRazor bathemba uLetheni kanti uzobaqhatha namaphoyisa ekugcineni.

11. Intombi kaSpikes yathemba uSpikes kanti uzoyifaka ezidakamizweni ayiqhathe nomkhulu wayo.

**Isiphetho**

Umbhali uphumelele kahle ukusigqamisela indikimba yokungathembeki ngokusethulela abalingiswa abehlukene bethembana maqede baphetha ngokuzisola ekugcineni.

**[Inani lamagama: ___]**

**[25]**

**UMBUZO 7 [UMBUZO OMFUSHANE]**

7.1 Joyisa. √√ (2)

7.2 USiphesihle noSpikes/Madoda. √√ (2)

7.3 ULetheni ungumama omncane kaSiphesihle. √√ (2)

7.4 Sibi, ngoba uMaThabethe uyashona, uMsimude uthola ukuthi uMadoda akasiye indodana yakhe, uSpikes wethulwa elimele. √√

(Nokunye). (2)

7.5 (i) USpikes wangena ezidakamizweni wafaka nentombi yakhe, balala kubo baze bavuka ngesikade. √

(ii) Ikhehla elingumkhulu wentombi yakhe lafika lingasadle nkobe zamuntu lamsabisa ngesibhamu, weqa, wabaleka. √ (2)

7.6 Udweshu lwangaphandle. √ Siluthola kuMaThabethe noLetheni lapho uMaThabethe ethi uLetheni uyamhlolela uma ethi wantshontsha ingane yakhe. √Siphinde siluthole kuMaThabethe noThuthukani ngenkathi uThuthukani ebamba uMaThabethe ngesidlozane ethi ufuna ingane yakhe. √ (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

7.7 Umbhali wethule labalingiswa besendaweni eyodwa ngenhloso yokuveza amaqiniso abebefihlelene wona. √

- Kuvele iqiniso uMaThabethe abelifihlele uMsimude ukuthi uMadoda akasiye owakhe. √
- Iqiniso lokuthi uSpikes wayenguMadoda. √
- Iqiniso lokuthi uThembekile ubethunjwe umfowabo. √
- Iqiniso lokuthi uThembekile nguye obelibele ephehla udweshu emshadweni kaThuthukani noLetheni abagcina ngokwahlukanisa. √
  *(Namanye amaqiniso avele kulesi sahluko amukelekile.)* (5)

7.8 Lesi simo sokukhuluma siyafakazeleka endabeni kwazise uThembekile wayezitshela ukuthi useqedile ngoLetheni ngenkathi emvalela ejele laseKorea, kepha baphinde banqwamana impinda ekukhululweni kukaLetheni. √√ (2)

(Nezinye izigameko ezifakazela ngokugculisayo phakathi kwalabalingiswa.)

7.9 ULetheni esayikhansela wayebuswa impakamo negqabho okwenza achithekelwe umuzi wakhe noThuthukani, √ esebuyile ejele ubukeka eseqoqekile, esenothando futhi ezimisele ngokulungisa umshado wakhe awubhidliza. √ (2)

7.10 Ngiyawufakazela lo myalezo ngoba uThuthukani wahlukunyezwa uLetheni ngenkathi ephelelwe umsebenzi waze wamshiya ezikweletini. √ Ngokunjalo noMsimude uhlukunyezwe uMaThabethe wamubambisa ibhantshi. √ Yize kunjalo abazange basabalalise izindaba zokuhlukumezeka kwabo. √ (3)

**[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: [50]**

**AMAMAKI ESEWONKE: [80]**